AMAZWI ENDUDUZO KAMEYA WASETHEKWINI UKHANSELA CYRIL XABA ENKONZWENI YOMNGCWABO WAKWANOMBELA.

- Mphathi wHlelo
- Abefundisi bonke abakhona
- Umndeni wakwaNombela nowakwaVilakazi
- Amakhosi Aphakathi Kwethu
- Amakhansela neziNduna
- Umphakathi waseNgonyameni

Sanibonani

Angibonge kakhulu ngethuba engilinikezwayo ukuthi ngidlulise amazwi enduduzo egameni lomkhandlu waseThekwini.

Singubuholi beTheku sishaqeke kakhulu ukuthola umbiko ngalesisehlo. Kubuhlugu, kuyankenketha, sizwa neminjunju ngesihluku induna uNombela nomkayo umaVilakazi abahambe ngaso.

Lokhu kusitshela ukuthi usemukhulu umsebenzi ekusafanele siwenze sibambisene nabefundisi ukuvuselela onembeza kubantu. Nginesiqinisekiso sokuthi umuntu ononembeza ubengeke abenze lobululwane obunje.

Siyathemba ukuthi umthetho uzodlala indawo yawo sikwazi nokuthola izimpendulo zokuthi kube yini imbangela yalesisehlo.

Angisho ukuthi kuyasikhathaza kakhulu ukubulawa kwabaholi bomphakathi njengezinduna, amakhosi namakhansela. Kodwa okwalayikhaya kusehle ngaphezulu ngoba laba esibaphelezelayo namhlanje izinsolo zithi bahambe ngesandla somuntu abamuzalayo.

Siyacela emphakathini nasemndenini ukuthi sehlise imimoya sinikeze abomthetho kube yibona abasingatha loludaba. Asizame ngayo yonke indlela ukuthi isehlo esinje kube esokuqala nesokugcina ngci lapha emphakathini. Siyathemba futhi ukuthi nalo owenze lokhu uzojeza ngendlela efanele athole isifundo ngalokhu akwenzile. Siyaninxusake ukuthi asingakwenzi okuzophazamisa ingalo yomthetho ekutheni idlale indawo yawo.

Siwumkhandlu weTheku sigqemeke ingozi engeqiwa ntwala ngoba Induna besisebenzisana kahle kakhulu nayo. Ibiqonda kabanzi ngokubaluleka kokubambisana phakathi kobuholi bendabuko nohulumeni ekuletheni intuthuko emphakathini. Ngakhoke, Induna iyibekile induku ebandla ibambisene nomkayo, bawusebenzela umphakathi ngokuzikhandla.

Ngiyathemba ukuthi sonke sizosika iphethini emsebenzini wabo omuhle siqhubeke sibambisane sithuthukise umphakathi kube nokuthula nozinzo.

Sengiphetha, angisho emndenini nasezihlotsheni ukuthi noma kunje, kodwa uNkulunkulu ukhona. Iyasikhumbuza incwadi engcwele yaMahubo uma ithi ***“UJehova useduze nabo abanenhliziyo eyaphukileyo; uyabasindisa abanomoya odabukileyo.”*** Ngakhoke asihlalele ethembeni lokuthi uJehova unathi futhi uzowapholisa amanxeba.

Ngalamazwi sithi mndeni wakwaNombela nakwaVilakazi duduzekani alwehlanga lungehlanga.

Ngiyabonga.